# ITHEBULA LOKUQUKETHWE


1. UHLU LWAMA-AKHRONIMI NEZIFINYEZO ..... 1
2. INHLOSO YAMANUWALI YE-PAIA ..... 2
3. UKWAKHEKA KWEHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE ..... 3
4. UKWAKHIWA KWEHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE KANYE NEMISEBENZI YAKHE ..... 4
   - 4.1 UKWAKHEKA ..... 4
   - 4.2 IMISEBENZI YEHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE KAZWELONKE ..... 4
   - 4.2.1 UKUPHATHWA KWEZIMALI NEMPAHLA ..... 4
   - 4.2.2 IHHOVISI LESABELOZIMALI ..... 4
   - 4.2.3 IZINSIZO ZANGAPHAKATHI ENHLANGANWENI ..... 5
   - 4.2.4 INQUBOMGOMO YEZOMNOTHO ..... 5
   - 4.2.5 INQUBOMGOMO YEZENTELA NOMKHAKHA WEZEZIMALI ..... 5
   - 4.2.6 INQUBOMGOMO YAMAZWE NGAMAZWE NEZIFUNDA YEZOMNOTHO ..... 5
   - 4.2.7 UBUDLELWANO OBUPHAKATHI KOHULUMENI ..... 6
   - 4.2.8 IHHOVISI LOMGCINIMA-AKHAWUNTI JIKELELE ..... 6
   - 4.2.9 IZIMALI ZOMPHAKATHI ..... 6
   - 4.2.10 IHHOVISI LESIKHULU ESIPHEZULU LOKUTHENGWA KWEMPAHLA (I-O-CPO) ..... 6
5. IMININININGWANE YOKUXHUMANA EBALULEKILE UKUZE KUTHOLWE ULWAZI LWEHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE ..... 7
   - 5.1 UMGCINILWAZI OMKHULU ..... 7
   - 5.2 USEKELA-MGCINILWAZI ..... 7
   - 5.3 UKUTHOLA ULWAZI KULABO OKUXHUNYANWA NABO JIKELELE ..... 7
6. IZIXAZULULO EZIKHONA MAYELANA NOKWENZA NOMA UKUNGENZI KWEHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE ..... 8
7. UMHLANDLELA NGOKUTHI ISETSHENZISWA KANJANI I-PAIA FUTHI KUFINYELELEKA KANJANI KULO MHLAHLANDLELA ..... 9
8. IZIGABA ZAMAREKHODI EHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE ATHOLAKALA NGAPHANDLE KOKUBA UMUNTU ACELE UKUFIKELELEKA ..... 12
9. IZIHLOKO UMNYANGO OGCINE NGAZO AMAREKHODI NEZIGABA ZAMAREKHODI AGCINWE YIHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE ..... 14
   - 9.1 AMAREKHODI NGOKUSEBENZA KWANSUKU ZONKE NOMA NGEMISEBENZI EBALULEKILE KANYE NEZIVUMELWANO EZIPHATHELENE NEZIGABA EZILANDELAYO: ..... 14
   - 9.2 UKUXHUMANA KWABEZINDABA NOKUXHUMANA ..... 14
   - 9.3 UMSEBENZI WOCWANINGOMABHUKU LWANGAPHAKATHI: IMIBIKO NGOCWANINGOMABHUKU OLULANDELAYO ..... 14
   - 9.4 ISIKHULU ESIPHEZULU SENGOZI ..... 15
   - 9.5 UPHIKO LWEZINSIZAKALO ZANGAPHAKATHI ZENHLANGANO ..... 15
   - 9.6 INQUBOMGOMO YAMAZWE NGAMAZWE KANYE NEZIFUNDA YEZOMNOTHO ..... 17
   - 9.7 ISIKHULU ESIPHETHE SOKUTHENGWA KWEMPAHLA ..... 17
   - 9.8 INQUBOMGOMO YEZENTELA KANYE NOMKHAKHA WEZEZIMALI ..... 18

9.9 IHHOVISI LOMGCINIMA-AKHAWUNTI JIKELELE ..... 19
9.10 IHHOVISI LESABELOZIMALI ..... 22
9.10.1 IZIBALO ZEZEZIMALI ZOMPHAKATHI ..... 22
9.10.2 UKUHLELELWA KWEZINDLEKO ..... 22
9.10.3 UKUHLELELA INTUTHUKO YAMAZWE NGAMAZWE ..... 22
9.10.4 INQUBOMGOMO YEZIMALI ..... 22
9.10.5 UPHIKO LOKWENGAYELWA KWEZINHLAKA ZIKAHULUMENI ..... 22
9.10.6 IYUNITHI YEMIHOLO YOMKHAKHA KAHULUMENI ..... 23
9.11 IZIMALI ZOMPHAKATHI ..... 23
9.12 UBUDLELWANO OBUPHAKATHI KOHULUMENI (I-IGR) ..... 24
9.13 INQUBOMGOMO YEZOMNOTHO ..... 25
9.14 UKUPHATHWA KWEZIMALI NEMPAHLA ..... 26
10. IZINSIZAKALO EZITHOLAKALA KUMALUNGU OMPHAKATHI EZIVELA KWIHHOVISI LOMGCINIMAFA LIKAZWELONKE KANYE NOKUTHI UNGAFINYELELEKA KANJANI KULEZO ZINSIZAKALO ..... 27
10.1 IZABELO ZIKAHULUMENI WASE-RSA ..... 27
10.2 UKUTHENGA IZABELO ZIKAHULUMENI ..... 27
10.3 KWI-*E-TENDERS PORTAL* ..... 28
11. UKUCUTSHUNGULWA KOLWAZI LOBUQU ..... 30
11.1 UKUQOQA KOLWAZI LOBUQU ..... 30
11.2 ULWAZI LOBUQU ESILUQOQAYO ..... 30
11.3 INDLELA ESISEBENZISA NGAYO ULWAZI LWAKHO LOBUQU ..... 31
11.4 ULWAZI LOBUQU KWINGXENYE YESITHATHU ..... 31
11.5 SILUVIKELA KANJANI ULWAZI LWAKHO LOBUQU ..... 31
11.6 UKUQOQWA KOLWAZI LOBUQU KUSETSHENZISWA IWEBHUSAYITHI YETHU: ..... 32
12. UKUTHOLAKALA KWEMANUWALI ..... 32
12.1 LE MANUWALI YENZIWE ITHOLAKALE NGOLIMI LWESINGISI; KODWA-KE, ABAFAKIZICELO BAZOSIZWA NGOLIMI ABAZIKHETHELA LONA NGOKWENQUBOMGOMO YOLIMI YEHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE EGUNYAZIWE. ..... 32
12.2 IKHOPHI YALE MANUWALI NOMA INGUQULELO YAYO EBUYEKEZIWE, IYATHOLAKALA FUTHI KU-WWW.TREASURY.GOV.ZA: ..... 32
12.3 IMALI YEKHOPHI YEMANUWALI, NJENGOBA IHLONGOZWE KUSIXHUMELO B SEZIMISO , IZOKHOKHWA NGEKHOPHI NGAYINYE EYENZIWE YOBUKHULU OBUNGU-A4. ..... 32
13. UKUBANDAKANYWA KOMPHAKATHI EKWAKHIWENI KWENQUBOMGOMO KANYE NOKUSETSHENZISWA KWAMANDLA NOMA UKWENZIWA KWEMISEBENZI YIHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE ..... 33
14. UKUBUYEKEZWA KWEMANUWALI ..... 33

# 1. UHLU LWAMA-AKHRONIMI NEZIFINYEZO

| | |
|---|---|
| “u-CEO” | Isikhulu Esikhulu Esiphethe; |
| “u-DIO” | USekela-Mgcinilwazi; |
| “u-IO“ | uMgcinilwazi; |
| “uNgqongqoshe” | uNgqongqoshe Wezobulungiswa Nezokuhlunyeleliswa Kwezimilo; |
| “i-PAIA” | uMthetho Wokukhuthaza Ukufinyeleleka Kolwazi wesi-2 wonyaka we-2000 (njengoba uchitshiyelwe; |
| “i-PFMA” | uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi woku-1 wonyaka we-1999 njengoba uchitshiyelwe; |
| “i-POPIA” | UMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lobuqu wesi-4 wonyaka we-2013; |
| “uMlawuli” | uMlawuli Wolwazi. |

# 2. INHLOSO YAMANUWALI YE-PAIA

Le Manuwali ye-PAIA isiza umphakathi-

2.1 Ukuhlola uhlobo lwamarekhodi okungenzeka ukuthi asevele ekhona (eHhhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke), ngaphandle kwesidingo sokufaka isicelo esisemthethweni se-PAIA;

2.2 Ukuba nokuqonda ukuthi usenza kanjani isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi (leHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke);

2.3 Ukufinyeleleka kuyo yonke imininingwane yokuxhumana efanele yabantu abazosiza umphakathi ngamarekhodi ohlose ukufinyeleleka kuwo;

2.4 Ukwazi zonke izinxazululo ezitholakala eHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke maqondana nesicelo sokufinyeleleka kumarekhodi, ngaphambi kokuya kuMlawuli noma Ezinkantolo;

2.5 Incazelo yezinsizakalo ezitholakala kumalungu omphakathi ezivela (kwiHhovisi Lomgcinimafa Likazwelonke), kanye nokuthi ungafinyeleleka kanjani kulezo zinsizakalo;

2.6 Incazelo yomhlahlandlela ngokuthi isetshenziswa kanjani i-PAIA, njengoba ibuyekezwe nguMlawuli nokuthi ungakuthola kanjani ukufinyeleleka kuwo;

2.7 Lapho iHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke licubungula ulwazi lobuqu, inhloso yokucubungula ulwazi lobuqu kanye nencazelo yezigaba zezihloko zomniningo kanye nazolwazi noma izigaba zolwazi oluhlobene nazo;

2.8 Ukwazi ukuthi iHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke lihlele ukudlulisela noma ukucubungula ulwazi lobuqu ngaphandle kweRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika kanye nabamukeli noma izigaba zabamukeli ulwazi lobuqu olunganikezwa zona; futhi

2.9 ukwazi ukuthi iHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke linazo yini izinyathelo zokuphepha ezifanele zokuqinisekisa ubumfihlo, ubuqotho nokutholakala kolwazi lobuqu okufanele lucutshungulwe.

# 3. UKWAKHEKA KWEHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE

3.1 Izinhloso/Ukugunyazwa

Ukugunyazwa komthetho kweHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke kususelwe ekwiSiqephu se-13, Isahluko sama-216(1) soMthethosisekelo, esinxusa ukuthi kusungulwe ihhovisi lomgcinimafa kazwelonke ukuze kuqinisekiswe ubusobala, ukubika kanye nokulawulwa kwezimali okuphusile ekuphathweni kwezimali zomphakathi wezwe. Le ndima iphinde icaciswe uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi zonyaka we-1999 kanye noMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala wonyaka we-2003. Umnyango ugunyazwe ukukhuthaza inqubomgomo kahulumeni kazwelonke yezezimali kanye nokudidiyelwa kwenqubomgomo yomnotho omkhulu; ukuqinisekisa ukuzinza kanye nokusimama kohlelo lwezezimali kanye nezinsizakalo zezezimali; ukuhlelela ubudlelwano bezezimali phakathi kohulumeni kanye nezezimali; ukuphatha inqubo yokulungiselela isabelozimali; kanye nokuphoqelela ubusobala kanye nokuphathwa ngempumelelo maqondana nengenisomali nezindleko, izimpahla nezikweletu, izinhlaka zikahulumeni nezikhungo zomthethosisekelo. Ngokufanele, kulesi sikhathi esibuyekezwayo ukugunyanzwa komthetho kweHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke kanye nokunye kuhlala kusebenza.

# 4. UKWAKHIWA KWEHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE KANYE NEMISEBENZI YAKHE

## 4.1 Ukwakheka




## 4.2 Imisebenzi yeHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke Kazwelonke

### 4.2.1 Ukuphathwa Kwezimali Nempahla

Umsebenzi Wokuphathwa Kwempahla Nezikweletu unomthwalo wokuphatha iphothifolo kahulumeni yempahla nezikweletu ukuze kuqinisekiswe ukuphathwa kwezimali ngobuhlakani, ukuhlelwa kabusha kwempahla, ukuphathwa kwezimali kanye nokuphathwa ngendlela efanele kwephothifolo kahulumeni yezikweletu zangaphakathi nezakwamanye amazwe.

### 4.2.2 Ihhovisi lesabelozimali

Lihlelela inqubo yesabelozimali sikazwelonke. Lokhu kubandakanya ukuhlelela ukwabiwa kwezinsiza ukuze kuhlangatshezwane nezinhlozongqangi zezombusazwe ezibekwe uhulumeni. Nakuba izinga lemibhalo ekhiqizwe ngesabelozimali selihlaba umxhwele, iHhovisi Lesabelomali lihlala lilwela ukwenza ngcono izinga, ukusebenziseka kanye nokutholakala kwezincwadi ezikhiqiziwe. Lolu phiko luphinde lunikeze izeluleko zenqubomgomo yezezimali, lwengamela kokuhlelwa kwezindleko kanye nenqubo yesabelozimali sikazwelonke, luhole uhlelo lokuguqulwa kwesabelozimali, luhlelele usizo lwezobuchwepheshe lwamazwe ngamazwe kanye nezimali zabanikelayo, lusekela ukubambisana kukahulumeni nezinkampani ezizimele (ama-PPP) futhi lwakhe izibalo zezimali zikahulumeni.

### 4.2.3 Izinsizo Zangaphakathi Enhlanganweni

Izinsizakalo Zangaphakathi Enhlanganweni zibhekele uhlaka lokwenganyelwa komnyango futhi zihlose ukwakha isimo sokusebenza esikhiqizayo nesinobuhlakani esithuthukisa ukusebenza kahle.

### 4.2.4 Inqubomgomo Yezomnotho

Umsebenzi Wenqubomgomo Yezomnotho udlala indima ebalulekile ekwakhiweni nasekuhleleleni izinqubomgomo ezifanele zokuthuthukisa ukukhula eziqinisa ukwakhiwa kwamathuba emisebenzi. Isibopho esibalulekile sophiko Lwenqubomgomo Yezomnotho ukuhlinzeka ngezeluleko zenqubomgomo maqondana nentuthuko yomnotho omkhulu, intuthuko yezomnotho wamazwe ngamazwe kanye nezindaba ezithinta umnotho omncane. Lolu phiko lukwenza lokhu ngokuhlaziya inqubomgomo, ukuhlola isimo kanye nokukhiqizwa kwezibikezelo zomnotho omkhulu, ikakhulukazi ukukhula, i-akhawunti yangaphandle kanye nokwehla kwamandla emali. Izibikezelo zinika ulwazi inqubomgomo yezomnotho, uhlaka lwezimali, izibikezelo zentela kanye namasu okulawula izikweletu.

### 4.2.5 Inqubomgomo Yezentela Nomkhakha Wezezimali

Umsebenzi Wenqubomgomo Yentela unomthwalo wokweluleka uNgqongqoshe Wezezimali ngemidanti yenqubomgomo yentela evela kuzo zontathu izigaba zikahulumeni. Umsebenzi weNqubomgomo Yomkhakha Wezezimali unomthwalo wokuklama futhi nowohlaka lomthetho lomkhakha wezezimali uwonke futhi usebenza ngokusondelana nama-ejensi alawulayo afana neBhodi Lezinsizakalo Zezezimali.

### 4.2.6 Inqubomgomo Yamazwe Ngamazwe Nezifunda Yezomnotho

Lolu hlelo/uphiko lulawula izintshisekelo zeNingizimu Afrika ekubumbeni izinqubomgomo zesifunda nezomhlaba eziqhubekisela phambili izinhloso zomnotho, ezezimali kanye nentuthuko yezwe kanye nalezo ze-Afrika yonkana. Lezi zinhlelo ezincane zibandakanya: (a) Ukuphathwa Kwezinhlelo Zobudlelwano Bezezimali Bamazwe Ngamazwe; (b) Ukubambisana Kwezomnotho Kwamazwe Ngamazwe; (c) Ukubandakanywa kwe-Afrika Nokwesekwa; (d) Izikhungo Zokuxhasa Ngezimali Ukuthuthukiswa Kwamazwe Ngamazwe kanye (e) Namaphrojekhthi Amazwe Ngamazwe.

**Ukuphathwa Kwezinhlelo Zezezimali Zobudlelwano Bamazwe Ngamazwe** kusekela ukuhlela, ukuqapha kanye nokwethulwa kwemisebenzi yohlelo. Ukubambisana Kwamazwe Ngamazwe Kwezomnotho kugxile ekwenzeni ngcono ukubamba iqhaza kweNingizimu Afrika ezikhungweni zomnotho zamazwe ngamazwe nezesifunda, isib. iBhange Lokuthuthukiswa Kwase-Afrika (i-AfDB); iQembu Lamazwe angama-20 (i-G20); Iqembu lamazwe i-Brazil-Russia-India-China-South Africa (i-BRICS) kanye neSikhwama Semali Samazwe Ngamazwe (i-IMF). Ukubandakanywa Nokusekelwa kwe-Afrika kusebenza njengethuluzi leHhovisi Lomgcinimafa Likazwelonke ukuxoxisane ne-Afrika ngokusebenzisa i-Southern African Customs Union (SACU); aMazwe Entuthuko AseNingimu Ye-Afrika (i-SADC) kanye neNhlangano Yobumbano Lamazwe ase-Afrika (i-AU). Ukuhweba okuqondile; ukutshala izmali kwizingqalasizinda kanye nokuqinisa ubudlelwano bamazwe amabili namazwe abalulekile. Izikhungo Zokuxhasa Ngezimali Zokuthuthukiswa Kwamazwe Ngamazwe

zihlinzeka ngokubhaliselwe kanye neminikelo ezikhungweni zentuthuko yamazwe ngamazwe kanye namabhange ahlukahlukene. Izimali zidluliselwa ku-AfDB; Isikhwama Sokuthuthukiswa Kwe-Afrika (i-ADF) kanye ne-World Bank Group (i-WBG) ngamasheya nokubhaliselwe ukusekela intuthuko ye-Afrika kanye nokufinyelela kwizimalimboleko ngemvumelwano nezibonelelo Emazweni Anengenisomali Encane. Amaphrojekhthi Amazwe Ngamazwe axhasa amaphrojekhthi amazwe ngamazwe kanye nokungenelela okufana ne-Commonwealth Fund yokubambisana kwezobuchwepheshe kanye Nesikhungo Sezezimali Samazwe Ngamazwe Sokugoma nge-Global Alliance for Vaccines and Immunisation (i-GAVI).

### 4.2.7 Ubudlelwano Obuphakathi Kohulumeni

Lo msebenzi unomthwalo wokuhlelela ubudlelwano bezezimali phakathi kohulumeni kazwelonke, wesifundazwe nowasekhaya kanye nokukhuthaza ukuhlela okuhle kwezezimali zesifundazwe nezomasipala, ukubika nokuphatha.

### 4.2.8 IHhovisi loMgcinima-akhawunti Jikelele

Umsebenzi uhlose ukufeza ukuziphendulela emphakathin wonkana ngokukhuthaza ubusobala nokusebenza ngempumelelo ekuthulweni kwezinsizakalo. Ubeka izinqubomgomo nezinqubo ezintsha zikahulumeni zokugcinwa kwamabhuku ezimali, futhi wenza ngcono ezikhona, ukuze kuqinisekiswe ukuthotshelwa kwezindinganiso zoMkhuba Owamukelwe Ojwayelekile Wokugcinwa Kwambuku Ezimali. Uphinde ugxile ekulungiseni izitatimende zezimali ezididiyelwe kanye nasekwenzeni ngcono ukuhambisana nesikhathi, ukunemba nokusebenza kahle kokubikwa kwezimali.

### 4.2.9 Izimali Zomphakathi

Izimali Zomphakathi zibhekene nomsebenzi omkhulu wokuhlola iziphakamiso zesabelozimali kanye nokubuyekeza izindlela zokwethulwa kwezinsizakalo eminyangweni kahulumeni kazwelonke kanye nezinhlaka zayo. Lolu phiko luphinde lulawule ubudlelwano beHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke neminye iminyango kazwelonke, luhlinzeka ngokusekelwa kwesabelozimali eminyangweni, futhi lweluleke uNgqongqoshe WezeziMali kanye neHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke mayelana nemidanti yamaqoqo kahulumeni.

### 4.2.10 Ihhovisi Lesikhulu Esiphezulu Lokuthengwa Kwempahla (i-O-CPO)

Inhloso ye-O-CPO: Ukwenza uhlelo lokuthengwa kwempahla lube ngolwesimanjemanje ukuze lungenzeleli, lulingane, lube sobala, lukwazi ukuncintisana, futhi lungabizi kakhulu; lukwazi ukusetshenziswa ngendlela efanele, eyongayo, ephumelelayo futhi nesobala yezinsiza zezimali nezinye; okubandakanya nempahla yombuso, ukuze kwenziwe ngcono ukwethulwa kwezinsiza; kanye nokugqugquzela, ukusekela kanye nokuphoqelela ukuphathwa ngendlela esobala nangempumelelo kokuthengwa kwempahla kombuso kanye nokuphathwa ngendlela efanele kwempahla nezinsiza zikahulumeni.

# 5. IMININININGWANE YOKUXHUMANA EBALULEKILE UKUZE KUTHOLWE ULWAZI LWEHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE

## 5.1 UMgcinilwazi Omkhulu

| | |
|---|---|
| Igama: | Dkt. Duncan Pieterse |
| Ucingo: | 012 315 5165 |
| I-imeyili: | duncan.pieterse@treasury.gov.za |

## 5.2 USekela-Mgcinilwazi

| | |
|---|---|
| Igama: | Mnu. Stadi Mngomezulu |
| Ucingo: | 012 315 5133 |
| I-imeyili: | stadi.mngomezulu@treasury.gov.za |

| | |
|---|---|
| Igama: | Nks. Patricia Tomotomo |
| Ucingo: | 012 395 6747 |
| I-imeyili: | patricia.tomotomo@treasury.gov.za |

| | |
|---|---|
| Igama: | Nks. Talent Mtungwa |
| Ucingo: | 012 315 5517 |
| I-imeyili: | talent.mtungwa@treasury.gov.za |

| | |
|---|---|
| Igama: | Nks. Ditshego Magoro |
| Ucingo: | 012 315 5102 |
| I-imeyili: | ditshego.magoro@treasury.gov.za |

## 5.3 Ukuthola ulwazi kulabo okuxhunyanwa nabo jikelele

I-imeyili: paia@treasury.gov.za

IKomkhulu/iHhovisi Likazwelonke:

| | |
|---|---|
| Ikheli Leposi: | Private Bag X 115, Pretoria, 0001 |
| Ikheli Lendawo: | 240 Madiba Street; Pretoria 0001 |
| Ucingo: | 012 315 5111 |
| I-imeyili: | DGRegistry@treasury.gov.za |
| Iwebhusayithi: | www.treasury.gov.za |

# 6. IZIXAZULULO EZIKHONA MAYELANA NOKWENZA NOMA UKUNGENZI KWEHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE

6.1 Uma unganeliisekile nganoma isiphi isinqumo soMgcinilwazi/sikaSekela-Mgcinilwazi, unelungelo lalokhu okulandelayo:

- ukufaka isikhalazo sangaphakathi kuNgqongqoshe Wezezimali: futhi uma unganelisekile ngesinqumo sikaNgqongqoshe, ungaketha
- ukufaka isikhalazo kuMlawuli Wolwazi; noma
- ufake isicelo enkantolo ukuze uthole usixazululo.

(a) Ukukhalaza kwangaphakathi

- Isikhalazo sangaphakathi sifanele sifakwe kusiphathimandla esifanele, esinguNgqongqoshwe Wezezimali kungakapheli izinsuku ezingama-60 uMgcinilwazi/uSekela-Mgcinilwazi ethathwe isinqumo.
- Ufanele ugcwalise u"Fomu 4" – ifomu liyatholakala ngesicelo kuSekela-Mgcinilwazi futhi nakwiWebhusayithi Yehhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke ethi www.treasury.gov.za.
- USekela-Mgcinilwazi ukuzosiza futhi akubonisa ngenqubo yokufaka isicelo.

(b) Ukufaka isikhalazo kuMlawuli Wolwazi

- Isikhalazo sifanele sifakwe ngokugcwalisa "uFomu 5" bese sithunyelwa kuMlawuli Wolwazi;
- Lokhu kufanele kwenziwe kungakapheli izinsuku eziyi-180 zekhalenda ethathe isinqumo; futhi
- UMlawuli wolwazi uzosiza futhi akubonisa ngenqubo yokufaka isikhalazo kokunye.

(c) Isicelo Enkantolo

- Isicelo kufanele sifakwe kungakapheli izinsuku eziyi-180 zekhalenda uNgqongqoshe ethathe isinqumo noma uMlawuli Wolwazi ethathe isinqumo.
- Yonke Inkantolo Kamantshi inegunya lokulalela isicelo se-PAIA; futhi uMabhalane Wenkantolo uzokusiza futhi akubonisangenqubo yokufaka isicelo.

# 7. UMHLANDLELA NGOKUTHI ISETSHENZISWA KANJANI I-PAIA FUTHI KUFINYELELEKA KANJANI KULO MHLAHLANDLELA

7.1 UMlawuli, ngokwesahluko se-10(1) se-PAIA, ubukeza futhi enze futhi kutholakale uMhlahlandlela obuyekeziwe ngokuthi isetshenziswa kanjani i-PAIA ("uMhlahlandlela"), ngohlobo nendlela eqondakala kalula, njengoba kungadingeka ngokufanele kumuntu ofisa ukusebenzisa nanoma yiliphi ilungelo elihlongozwe kwi-PAIA kanye nakwi-POPIA.

7.2 UMhlahlandlela uyatholakala ngolimi ngalunye olusemthethweni.

7.3 Umhlahlandlela oshiwo ngenhla uqukethe incazelo yokulandelayo-

7.3.1 izinhloso ze-PAIA kanye ne-POPIA;

7.3.2 ikheli leposi nelomgwaqo, inombolo yocingo neyefeksi futhi, uma likhona, ikheli le-imeyili

7.3.2.1 loMgcinilwazi wazo zonke izinhlaka zikahulumeni, kanye

7.3.2.2 LikaSekela-Mgcinilwazi wazo zonke izinhlaka ziikahulumeni nezizimele abaqokwe ngokwesahluko se-17(1) se-PAIA kanye nesahluko sama-56 se-POPIA;[1,2]

7.3.3 indlela kanye nohlobo lwesicelo -

7.3.3.1 sokufinyeleleka kwirekhodi lohlaka lukahulumeni elihlongozwe esahlukweni se-11; kanye [3]

7.3.3.2 sokufinyeleleka kwirekhodi lohlaka oluzimele elihlongozwe esahlukweni sama-50; [4]

7.3.4 usizo olutholakala kuMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ngokwe-PAIA kanye ne-POPIA;

7.3.5 usizo olutholakala kuMlawuli ngokwe-PAIA kanye ne-POPIA;

---

[1] *Isahluko se-17(1) se-PAIA- Ukwenzela izinhloso ze-PAIA, uhlaka ngalunye lukahulumeni lufanele, kuye ngomthetho olawula ukuqashwa kwabasebenzi bohlaka lukahulumeni oluthintekayo, luqoka lelo nani labantu njengasela omgcinilwazi njengoba kudingeka ukuze kwenziwe lolo hlaka lukahulumeni lufinyeleleke ngokusemandleni abafakizicelo zamarekhodi alo.*

[2] *Isahluko sam-56(a) se-POPIA - Uhlaka ngalunye lukahulumeni noluzimele lufanele lenze umbandela, ngendlela ebekwe esahlukweni se-17 soMthetho Wokukhuthaza Ukufinyeleka Kolwazi, ngezinguquko ezidingekayo, ekuqokweni kwalelo nani labantu, uma bekhona, njengamasekela omgcinilwazi njengoba kudingekile ukwenza imisebenzi nezibopho njengoba ezibekwe esahlukweni sama-55(1) se-POPIA.*

[3] *Isahluko se-11(1) se-PAIA- Umfakisicelo ufanele anikezwe ukufinyeleleka kwirekhodi lohlaka lukahulumeni uma lowo mfakisicelo ethobela zonke izidingo zenqubo eziku-PAIA eziphathelene nesicelo sokufinyeleleka kulelo rekhodi; futhi ukufinyeleleka kulelo rekhodi akwenqatshiwe ngokwanoma yisiphi isizathu sokwenqaba esihlongozwe ksiSiqephi sesi-4 sale Ngxenye.*

[4] *Isahluko sama-50(1) se-PAIA- Umfakisicelo ufanele anikezwe ukufinyeleleka kunoma yiliphi irekhodi lohlaka olizimele uma-*

*a) lelo rekhodi lidinangeka ukuze kusetshenziswe nanoma yimaphi amalungelo noma kuvikelwe noma yimaphi amalungelo;*
*b) lowo muntu uthobela izidingo zenqubo eziku-PAIA eziphathelene nesicelo sokufinyeleleka kulelo rekhodi; futhi*
*c) ukufinyelela kulelo rekhodi akwenqatshiwe ngokwanoma yisiphi isizathu sokwenqaba esihlongozwe eSiqeshini sesi-4 sale Ngxenye.*

7.3.6 zonke izixazululo ezikhona ezimthethweni maqondana nokwenza noma ukwehluleka ukwenza okuthile mayelana nelungelo noma umsebenzi onikezwe noma obekwe yi-PAIA kanye ne-POPIA, kubandakanya nendlela yokufaka-

7.3.6.1 isikhalazo sangaphakathi;

7.3.6.2 isikhalazo kuMlawuli; futhi

7.3.6.3 nesicelo enkantolo esiphikisa isinqumo somgcinilwazi wohlaka lukahulumeni, isinqumo sokukhalaza kwangaphakathi noma isinqumo soMlawuli noma isinqumo senhloko yohlaka oluzimele;

7.3.7 imibandela yesahluko se-14 kanye nesama-51 ezidinga uhlaka lukahulumeni kanye nohluka oluzimele, ngokulandelana, ukuba zenze imanuwali, kanye nendlela etholakala ngayo imanuwali;[5][6]

7.3.8 imibandela yesahluko se-15 kanye nesama-52 ezihlinzekela ukudalulwa ngokuzithandela kwezigaba zamarekhodi wuhlaka lukahulumeni kanye noluzimele, ngokulandelana;[7][8]

7.3.9 izaziso ezikhishwe ngokwesahluko sama-22 nesama-54 mayelana nezimali okufanele zikhokhwe maqondana nezicelo zokufinyelela; kanye[9][10]

7.3.10 nemithethonqubo eyenziwe ngokwesahluko sama-92.[11]

---

[5] *Isahluko se-14(1) se-PAIA- Umgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ufanele, okungenani ngezilimi ezintathu ezisemthethweni, enze kutholakale imanuwali equkethe ulwazi olusohlwini lwendima yesi-4 ngenhla*

[6] *Isahluko sama-51(1) se-PAIA- Inhloko yohlaka oluzimele ifanele yenze kutholakale imanuwali equkethe incazelo yolwazi olusohlwini lwendima yesi-4 ngenhla.*

[7] *Isahluko se-15(1) se-PAIA- UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni, ufanele enze kutholakale ngendlela emisiwe incazelo yezigaba zamarekhodi ohlaka lukahulumeni atholakala ngokuzenzekelayo ngaphandle kokuthi umuntu afake isicelo sokufinyeleleka.*

[8] *Isahluko sama-52(1) se-PAIA- Inhloko yohlaka oluzimele, ngokuzithandela, ingenza kutholakale ngendlela emisiwe incazelo yezigaba zamarekhodi ohlaka oluzimele atholakala ngokuzenzekelayo ngaphandle kokuthi umuntu afake isicelo sokufinyeleleka.*

[9] *Isahluko sama-22(1) se-PAIA- UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni okwenziwa kuye isicelo sokufinyeleleka, ufanele ngesaziso afune ukuthi umfakisicelo akhokhe imali yesicelo emisiwe (uma ikhona), ngaphambi kokuqhutshekwe nokucutshungulwa kwesicelo.*

[10] *Isahluko sama-54(1) se-PAIA- Inhloko yohlaka oluzimele okwenziwa kuyo isicelo sokufinyeleleka ifanele ngesaziso ifune ukuthi umfakisicelo akhokhe imali yesicelo emisiwe (uma ikhona), ngaphambi kokuthi kuqhutshekwe nokucutshungulwa kwesicelo.*

[11] *Isahluko sama-92(1) se-PAIA sihlinzeka ngokuthi –"uNgqongqoshe, ngesaziso kwiGazethi, angenza zimiso eziphathelene-*

*(a) nanoma yiluphi udaba oludingekayo noma oluvunyelwe yilo Mthetho ukuba zimiswe;*
*(b) nganoma yiluphi udaba oluphathelene nezimali ezikhokhwayo ezihlongozwe esahlukweni sama-22 nesama-54;*
*(c) nanoma yisiphi isaziso esidingwa yilo Mthetho;*
*(d) imibandela efanayo okufanele isetshenziswеumgcinilwazi wohlaka lukahulumeni lapho sinquma ukuthi yiziphi izigaba zamarekhodi okufanele zenziwe zitholakale ngokwesahluko se-15; futhi*
*(e) nanoma yiluphi udaba lokuphatha noma lwenqubo oludingekayo ukuze kusebenze imibandela yalo Mthetho."*

7.4 Amalungu omphakathi angahlola noma enze amakhophi oMhlahlandlela emahhovisi ezinhlaka zikahulumeni noma ezizimele, kubandakanya nehhovisi loMlawuli, ngezikhathi zokusebenza ezijwayelekile. Umhlahlandlela ungatholakala-

7.4.1 ngesicelo kuMgcinilwazi;

7.4.2 kuwebhisayithi yoMlawuli (https://www.justice.gov.za/inforeg/).

# 8. IZIGABA ZAMAREKHODI EHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE ATHOLAKALA NGAPHANDLE KOKUBA UMUNTU ACELE UKUFIKELELEKA

Isahluko se-15 (1) se-PAIA sidinga ukuthi izikhungo zisho lawo marekhodi atholakala ngokuzenzakalelayo. Amarekhodi atholakala ngokuzenzakalelayo ngokuvamile akuwona lawo abucayi ngokohlobo. Amarekhodi amaningi angena kulesi sigaba solwazi ayatholakala kuwebhstiyithi yeHhosi Lomgcinimafa Kazwelonke, www.treasury.gov.za., futhi awadingi ukuthi afinyelelwe ngenqubo esemthethweni.

Izigaba zalawa marekhodi atholakala ngokuzenzakalelayo zibandakanya:

**IHhovisi likaNgqongqoshe Wezezimali**

- Ininingwane mayelana neHhovisi LikaNgqongqoshe
- Iphrofayili kaNgqongqoshe Wezezimali
- Iphrofayili kaSekela-Ngqongqoshe Wezezimali

**Ulwazi Lwehhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke**

- Indima Yehhovisi loMgcinimafa Kazwelonke
- Iphrofayili yoMqondisi-Jikelele
- Ukwakheka Kwenhlangano

**Imininingwane Yesabelozimali**

- Ukubuyekezwa Kwesabelozimali
- Izilinganiso Zezindleko Zikazwelonke
- Isitatimende Senqubomgomo Yesabelozimali Sesikhathi Esimaphakathi (i-MTBPS)
- Isilinganiso Esilungisiwe Sezindleko Zikazwelonke (i-AENE)
- Imibhalo Yezabelozimali Zezifundazwe
- Isitatimende Senqubomgomo Yesabelozimali Sesikhathi Esimaphakathi

**Iminingwane yamathenda**

- Izikhangiso zamathenda
- Ulwazi Nemibhalo Yemikhakha Eqokiwe
- Amathenda Aguquguqukayo / Izinkontileka / Izimemo Zeziphakamiso / Izicelo Zolwazi / Ukwethula Intshisekelo
- Ukushicilelwa Kwabafaka Izicelo Amathenda
- Izinkontileka Eziqediwe
- Ulwazi Ngamathenda Anikeziwe
- Ulwazi Lokubhaliswa Kwesizindalwazi Sabahlinzeki

## Ubudlelwano babatshalizimali

- Izindali
- Imininingo kanye Nolwazi Lwemakethe
- Imininingo Yezomnotho
- Imibhalo Yenqubomgomo

## Ukubhaliswa noma Ukubuyiselwa Kwezinkampani Ezingabhalisiwe

Ukuxhumana kanye Nabezindaba

- Okubhalwe Abezindaba
- Izinkulumo
- Izethulo
- Ikhalenda Yemicimbi
- Okushicilelwe
- Imibuzo Yasephalamende

## Ukubuyekezwa Kwezimali Zombuso

- Izibalo Zentela
- Imibiko Yonyaka
- Okushicilelwe Kwesifundazwe Konyaka
- Amasu Abalulekile Ehhovisi  Lomgcinimafa Kazwelonke
- Izinhlelo Zokusebenza Zonyaka Zehhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke
- Imihlahlandlela Yehhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke

## Umthetho

- I-PFMA (http://ntintranet/legislation/pfma
- I-MFMA (http://mfma.treasury.gov.za)
- Eminye Imithetho
- Imithethozivivinywa

# 9. IZIHLOKO UMNYANGO OGCINE NGAZO AMAREKHODI NEZIGABA ZAMAREKHODI AGCINWE YIHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE

Ngokwe-PAIA, la marekhodi afanele enziwe ukuba atholakale ngokucelwa amalungu omphakathi ngokulandela izinqubo ezimisiwe noma ezinqunyiwe njengoba zibekwe kule manuwali, kodwa-ke ukudalulwa kwawo okungahle kwenqatshwe uma ngezizathu zokwenqatshwa ngokwesiqephu sesi-4 woMthetho.

Ngenhloso yokuqhuba isicelo ngokoMthetho, izihloko iHhovisi Lomgcinimafa Likazwelonke eligcine ngazo amarekhodi kanye nezigaba zamarekhodi agcinwe esihlokweni ngasinye kunjengoba kulandela:

**9.1 Amarekhodi ngokusebenza kwansuku zonke noma ngemisebenzi ebalulekile kanye nezivumelwano eziphathelene nezigaba ezilandelayo:**

- Amafayela ophenyo ngaphakathi eHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke
- Amacala omthetho enhlangano kanye nokuxhumana okuhlobene nawo
- Amacala okumangalelwa kanye nemibhalo ehlobene nawo
- Iziqondiso, izinqumo, nemiyalelo ye-Exco
- Izivumelwano nanoma yibaphi ababambiqhaza bangaphandle okungaba yinoma yimuphi umuntu ngamunye, uhulumeni noma abaphathi.
- Izivumelwano Zokuqashisa, Amatayitela, Amabhondi Ezindlu kanye naMabhondi Enothari Ahlobene Nempahla Ephathekayo Nenganyakazi.
- Izivumelwano Zokuqondana
- Ubambiswano Lukahulumeni Nabomkhakha Ozimele
- Imibhalo Yamathenda Atholiwe
- Ukwengamela Kwezomthetho
- Ukusebenisana nezinye izinhlaka
- Amaphrojekhthi

**9.2 Ukuxhumana Kwabezindaba Nokuxhumana**

- Isu Lokuxhumana
- Amaphulo Okuxhumana Kahulumeni
- Ukuxhumana Nomphakathi
- Imidanti Yephalamende

**9.3 Umsebenzi Wocwaningomabhuku Lwangaphakathi: Imibiko ngocwaningomabhuku olulandelayo**

- Ucwaningomabhuku Olujwayelekile
- Ukuhlolwa Kokusebenza
- Ucwaningomabhuku lwe-IT

- Ucwaningomabhuku Lokuthotshelwa Komthetho
- Ucwaningomabhuku Olunzulu
- Amaminithi kanye nemibiko yeKomidi Locwaningomabhuku

### 9.4 Isikhulu Esiphezulu Sengozi

Ukulawulwa Kwengozi Yebhizinisi (i-ERM)

- Uhlaka lwe-ERM
- Amarejista Engozi
- Okutholakele Kucwaningomabhuku
- Imibiko Namaminithi Ekomidi Lokulawulwa Kwengozi

Ukuphathwa Kokuqhubeka Kwebhizinisi (i-BCM)

- Izinhlelo ze-BCM Plans
- Ukulwa Nokukhwabanisa Nokulawulwa Kwenkohlakalo
- Imibiko Yophenyo

Ukuphathwa Kwezokuphepha

- Ukuphathwa Kokuphepha Kwendawo
- Ukuphepha Kolwazi
- Ukuphepha Kwabasebenzi
- Ukuphathwa Kwezimo Eziphuthumayo

Ukuphathwa Kwezakhiwo

- Ukugcinwa Kwempahla Nezakhiwo
- Ukuphathwa Kwezindlu
- Ukuphathwa Kwezimoto
- Ukuphathwa Kwezindawo Zokupaka Izimoto

### 9.5 Uphiko Lwezinsizakalo Zangaphakathi Zenhlangano

9.5.1 Amaphrojekhthi Abalulekile Nokwesekwa

Ukuphathwa Kwamarekhodi

- Inqubomgomo Nenkambiso Yokuphathwa Kwmarekhodi
- Isizindalwazi Samafayela Angokoqobo
- Uhlelo Lokufayela Olugunyaziwe
- Ukulahlwa kwamarekhodi
- Ukukhuthazwa Kokufinyeleleka Kolwazi
- Ukukhuthazwa Kokufinyeleleka Kolwazi

Ukuphathwa Kolwazi (i-KM)

- Izinqubo Zebhizinisi
- Imidanti Ekuqukethwe Yebhizinisi
- Imiphakathi Okusetshenzwa Kuyo
- Amaphrojekhthi e-KM

9.5.2 Ezabasebenzi

- Amafayela abasebenzi ngabanye
- Izinkontileka, Imibandela Yosizo Nezinye Izivumelwano
- Amarekhodi abasebenzi Asemthethweni
- Amarekhodi Esikhwama Sempesheni
- Amarekhodi Enhlalakahle Yabasebenzi
- Izinkokhelo Nemihlomulo Zabasebenzi
- Ukulawula Kwezikhundla Zemisebenzi
- Ukuqashwa, Ukukhethwa Nokufakwa Esikhundleni Somsebenzi
- Ukuqeqeshwa Nokuthuthukiswa
- Ukuphathwa Nokuhlolwa Kokusebenza
- Ubudlelwano Babasebenzi
- Ama-inthenishiphu
- Imifundaze

9.5.3 Isikhulu Esiphethe Sezezimali

Ukuphathwa kwezezimali namarekhodi okugcinwa kwamabhuku ezimali ahlobene nalezi zigaba ezilandelayo:

- Amarekhodi E-akhawunti Yasebhange
- Izincwadi Ze-akhawunti Nezitatimende Zezezimali
- ISabelozimali Sonyaka Nezinhlelo Zenhlangano bhizinisi njengoba sihlinzekelwe uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Ziomphakathi ngonyaka we-1999 (uMthetho woku-1 wonyaka we-1999)
- I-VAT (i-Value Added Tax) kanye namarekhodi e-Pay As You Earn (i-PAYE)
- Amarekhodi Amabhuku Ezimali
- Amarejista Empahla
- Izivumelwano Zezinga Lokusebenza (i-SLA) Nabahlinzeki
- Ukuphathwa Kwangaphakathi Kwesabelozimali
- Ukuthuthukiswa Kwenqubomgomo Nokulawula Kwangaphakathi
- Ukuphathwa Kwezindleko Nemali Engenayo
- Ukukhokhelwa Kwabasebenzi kanye Nokuphathwa Kwezikweletu
- Ukuphathwa Kweketanga Lokuthenga

9.5.4 Ubuchwepheshe Bolwazi Nokuxhumana

- Izinqubomgomo
- Ukuhlelela Uhlaka Lwemboni Yokwakhiwa Kwezakhiwo
- Ukutholwa nokuqaliswa kwezinhlelo ze-ICT
- Ukwethulwa Nokwesekwa Kwezinsizakalo ze-ICT
- Izivulwano
- Amaphrojekhthi
- Izimvume
- Imibiko

## 9.6 Inqubomgomo Yamazwe Ngamazwe Kanye Nezifunda Yezomnotho

9.6.1 Amabhange Okuthuthukiswa Kwamazwe Amaninigi kanye Nezezimali Ezinemvume

- Amabhange Okuthuthukiswa Kwamazwe Amaninigi
- Izinhlangano Zamazwe Ngamazwe
- Inqubomgomo Yokuthuthukiswa Komhlaba kanye Nezezimali Ezinemvume (umsebenzi wokuguquguquka kweZimo Zezulu; Izimali Zokuthuthukiswa; i-IDA; i-ADF)

9.6.2 Ukubandakanywa Kwezomnotho e-Afrika

- UBumbano Lwentela Lamazwe aseNingizimu ye-Afrika (i-SACU)
- Imiphakathi Yentuthuko Yamazwe AseNingizimu Afrika (i-SADC)
- Izwekazi lase-Afrika

9.6.3 Izimakethe Zomhlaba Ezisafufusa

- I-Brazil, i-Russia, i-India, China neNingizimu Afrika (i-BRICS)
- Iqembu lama-20 (i-G20)
- Ukwakhiwa Kwezezimali Zamazwe Ngamazwe (i-IMF; i-G24; i-Paris Club)

## 9.7 Isikhulu Esiphethe Sokuthengwa Kwempahla

9.7.1 Inkontileka Enqamulayo

- Izinkambiso zangaphakathi
- Usizo Lwezobuchwepheshe Ezikhungweni Zikahulumeni
- Amaphrojekhthi Abalulekile Okuthola
- Ukuthobela Ukuphathwa Kwenkontileka
- Ukuhlolwa Nokuklonyeliswa Kwezinkontileka Ezinqamulayo

9.7.2 Ukuqapha Nokuthotshelwa Kokulawula Kwe-SCM

- Izincwadi namamemo okuphendula ukukhululwa (izicelo zitholwa ezinhlakeni zombuso)
- Izincwadi zokuphendula zokuxolisa (izicelo zitholwa ezinhlakeni zombuso)
- Izincwadi namamemo okuphendula kwimikhawulo (izicelo zitholwa ezinhlakeni zombuso)

- Imibiko nezincwadi zokubuyekezwa kwamabhidi (izicelo zitholwa ezinhlakeni zikahulumeni)
- Ukuthenga ngezinye izindlela kanye nemibiko yokuguqulwa kwezinkontileka
- Izincwadi zokuphendula izikhalazo (izicelo zitholwa ezinhlakeni zombuso)
- Isicelo sezincwadi zokuphendula izeluleko/ama-imeyili (izicelo zitholwa ezinhlakeni zombuso)
- Izethulo kanye/noma nemihlangano yokucobelelana ngolwazi

9.7.3 Ukuthengwa Kwempahla Ebalulekile

- Ucwaningo
- Uhlelo Lokuthenga Lukahulumeni

9.7.4 Ulwazi, Ukuxhumana Nobuchwepheshe be-SCM

- Izindaba Zenqubomgomo
- Ukwakhiwa Kohlelo Lokuthenga
- Ukwenganyelwa kwe-ICT (Inqubomgomo, Izinqubo, Amazinga, njll)
- Imininingwane yabahlinzeki
- Izinhlelo ezinkulu Zezinhle
- Imiphumela Yocwaningomabhuku

9.7.5 Inqubomgomo ye-SCM kanye Nezomthetho

- Ishejuli yokuphawula komphakathi okuhlanganisiwe okwenziwe ngesikhathi sokwakhiwa nokuthuthukiswa kwemithetho yenqubomgomo
- Ucwaningo
- Imibhalo Yokuhlaziya Inqubomgomo
- Ukukhipha ama-IN/Imihlahlandlela neminye imiyalelo yamaphoyisa

## 9.8 Inqubomgomo Yezentela Kanye Nomkhakha Wezezimali

9.8.1 Ukuthuthukiswa Komkhakha Wezezimali

- Ukuziphatha Kwemakethe
- Ukuthuthukiswa Komkhakha Wezezimali
- Ukubandakanywa Kwezezimali

9.8.2 Izinsizakalo Zezimali

- Ukuvikelwa Kwamalungu Abatshalizimali
- Izinsizakalo Zokonga Nomshwalense
- Izikhwama Zomhlalaphansi

9.8.3 Ukuzinza Kwezezimali

- Ukulawulwa Kokunakekela
- Ukuzinza Kwezezimali
- Izimakethe Zezezimali kanye Nokuncintisana

9.8.4 Ukuhlaziywa Kwentela Yomnotho

- Izibonelelo Zokuhlukahlukana Kwemvelo
- Intela Yekhabhoni
- Indlela yokuthuthukisa okuhlanzekile kanye Nokwehliswa Kwemikhiqizo Eqinisekisiwe - Ukukhululwa
- Isikhwama Sobuchwephe Obuhlanzekile
- Izimali Nezingxoxo Zokushintsha KweZimo Zezulu
- UMnyango Wezemvelo i-Mintech (Imihlangano Yemvelo)
- Inqubomgomo Yezinguquko Yezimali Zemvelo
- Intela Yokuphehlwa Kukagesi
- Ukuhweba Ngokuphumayo
- Izibonelelo Zokonga Kangcono Amandla
- Izintela Zamafutha
- Umnotho Oluhlaza
- Izintela Yokushisa Komhlaba
- Ithimba Lomsebenzi Leminyango Ehlukahlukene Kwezamandla
- Izinguquko Zentela Yezimoto
- IKomidi Lelebhu Lokuchibiyela Imithetho Yentela

9.8.5 Imiklamo Yomthetho Wentela

- UMthethosivivinywa Wokuchibiyela Imithetho Yentela
- Izintela Zamabhizinisi
- Izintela Zamazwe Ngamazwe
- Intela Yengenisomali Yomuntu Siqu
- Izintela Ezingaqondile

## 9.9 IHhovisi loMgcinima-akhawunti Jikelele

9.9.1 Ukuhlonyiswa

- Ukuqeqeshwa Komgcini Ma-akhawunti Omkhulu Namasu Okuzithengisa
- Izimali Zomnikelo Wohlelo lwe-CAA
- Imfundo, Ukuqeqesha kanye Nokuthuthukiswa Kwezezimali Zomphakathi
- Izinyathelo Zookuhlonyiswa Kwamaphulo e-MFMA
- Izinyathelo Zookuhlonyiswa Kwamaphulo e-PFMA

9.9.2 Ukusetshenziswa kwe-MFMA

- Izimiso esikhishwe ngokwe-MFMA
- Amasekhula e-MFMA
- Imibiko yokuthosthelwa kwe-MFMA
- Ama-ajenda, izethulo, izinqumo, namaminithi eMihlangano Yokuhlela ye-MFMA
- Imibuzo nezimpendulo ze-MFMA kwetafula Lokuthola usizo
- Imibiko Yokuhlola Imodeli Yokukhula Kokuphathwa Kwezimali
- Izilinganiso ze-MFMA kanye nemibiko yokuhlola ukusimama
- Okushicilelwe - Izinto Ezisekelayo, Amakhalenda, Amabhukwana
- Izinhlelo Zokubuyisa Izimali Zikamasipala nolwazi oluhlobene nazo
- Izincwadi zeHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke eziya eziya komasipala ngokwesahluko sama-46 se-MFMA esiphathelene nokuBoleka Komasipala.
- Izincwadi zeHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke eziya eziya komasipala ngokwesahluko sama-33 se-MFMA esiphathelene nezinkontileka zesikhathi eside esingaphezu kweminyaka emithathu sezibopho zezimali komasipala.
- Izincwadi zeHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke eziya eziya komasipala ngokwesahluko se-170 se-MFMA esiphathelene nezicelo zokukhululwa noma zokuxolisa ngenxa yokungathotshelwa kwemibandela ye-MFMA noma nanoma yiziphi izimiso zayo.
- Izaziso Ezisemthethweni Zokukhululwa Ezisayinwe futhi zakhishwa nguNgqongqoshe Wezezimali
- Ukuphathwa Kwezibonelelo Zezimali ezisetshenziswayo futhi nolwazi nemibiko yokusebenza

9.9.3 Ukweseka Nokubika Ngokugcinwa Kwamabhuku Ezimali

- Isikhwama Sikazwelonke Semali Engenayo kanye Nohlelo Lokwakha Kabusha Nentuthuko
- Iqoqo lezezimali nokuphatha
- Iqoqo likahulumeni omkhulu
- Iqoqo Lezomnotho, Iqoqo Lezinkonzo Zobulungisa Nokuvikela
- Iqoqo Lezinsizakalo Zezenhlalakahle
- Ukusekelwa Kohulumeni Basekhaya

9.9.4 Ukwesekwa Koncwangomabhuku Langaphakathi

- Ukubuyekeza Nemibiko Yomnyango
- Imibiko yeKomidi Locwaningomabhuku
- Amaminithi Esigungu Esiphezulu Socwaningomabhuku (i-CAE)
- Izicelo/Imibuzo/Izimpendulo
- Ukuxhumana neSikhungo Sabacwaningi-mabhuku Bangaphakathi
- Ukuqinisekisa Ikhwalithi Kwangaphandle: Kuzwelonke
- Izinhlelo Zokusekela
- Imemorandamu Yokusebenzisana (ama-MOU) nezikhungo
- Ukubuyekezwa Kwesimo Sokulungela
- Imibhalo Yocwaningo (imibiko, amaphephambuzo, nezimpendulo)

9.9.5 Ukusekela Ukulawulwa Kwengozi

- Ukusekela Kukahulumeni Kazwelonke
- Ukusekela Kukahulumeni Wezifundazwe
- Ukusesekela Kohulumeni Basekhaya
- Okunye/Amaphrojekhthi
- Izikhungo Zochwepheshe
- Imidanti yePhalamende
- Imibiko Ejwayelekile

9.9.6 Izinsizakalo Zokusekelwa Kobuchwepheshe

- Izitatimende Zonyaka Zezimali
- Izinhlaka
- Inqubo Ejwayelekile Eyamukelwe Yokugcinwa Kwambuku ezimali (i-GRAP)
- Amazinga e-IPSAS
- Izinqubomgomo Zokuphathwa Kwezimali
- Imiyalezo yeHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke
- IKomidi Lezobuchwepheshe

9.9.7 Ukuqapha Nokuthotshelwa Kokwengamela

- Ukusekelwa kwe-PFMA
- Imigomo Namazinga eHhovisi Lomgcinimafa
- Ukudluliswa Kwmaandla
- Ukuhunyushwa kanye nokusetshenziswa kwe-PFMA, iZimiso Zehhovisi Lomgcinimafa kanye neMiyalo yeHhovisi Lomgcinimafa ngokusebenzisa imihlahlandlela namasekhula ngaMamodeli Okukhula Kwekhono Lokuphathwa Kwezimali
- Imemo yeKhabhinethi Ngemiphumela Yocwaningomabhuku
- Imibiko Ngokuthuthukiswa Kokuphathwa Kwezimali
- Ukubamba iqhaza eqenjini elisebenza ngoMbiko Wokungaziphathi Kahle Kwezezimali
- Ukubamba iqhaza kweHhhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke eKomidini Lokuhlela Ukulwa Nenkohlakalo
- Izinkundla zokuhlela i-PFMA
- Imidanti Yephalamende
- Imidanti Enqamulayo
- Imibiko yezinkokhelo eziya kubahlinzeki kungakapheli izinsuku ezingama-30
- Uhlaka Lokuthotshelwa Komthetho
- Ukuncishiswa kwezindleko

9.9.8 Izinsizakalo Ezikhethekile Zocwaningomabhuku

- Imibiko Yocwaningomabhuku Lokusebenza
- Imibiko Yophenyo Olunzulu
- Umbiko Yokuvinjelwa Kokukhwabanisa

9.9.9 Ukubandakanywa Kwezinhlelo Zezezimali (i-BAS, i-LOGIS, i-PERSAL kanye neVULINDLELA)

- Amarekhodi Omklamo Wezinhlelo
- Izicelo Zokulawulwa Kokushintsha Kwezinhlelo
- Amamanuwali Ezinhlelo
- Amamanuwali Okuqeqesha
- Amafayela Ocwangomabhulu Lokusetshenziswa
- Imibiko Yonyaka Yokuhlolwa Kwezinhlelo

**9.10 Ihhovisi Lesabelozimali**

9.10.1 Izibalo Zezezimali Zomphakathi

- Ama-akhawunti Kazwelonke
- Ama-akhawunti Wezifundazwe
- Umkhakha Womphakathi Obanzi
- Izibalo Zezezimali Zikahulumeni

9.10.2 Ukuhlelelwa Kwezindleko

- Inqubo Enkulu Yokwabiwa Kwesabelozimali
- Isabelozimali Sikazwelonke
- Ukuguqulwa kwesabelozimali
- Ukuhlelela Isikhathi Esimaphakathi

9.10.3 Ukuhlelela Intuthuko Yamazwe Ngamazwe

- Iminikelo Yabaxhasi
- Imibiko

9.10.4 Inqubomgomo Yezimali

- Uhlaka Lwezezimali
- Ukuhlaziywa kwezindleko
- Amabhalansi Nokulondolozwa Komnotho Omkhulu
- Ukuhlaziywa Kwemibiko Yezinkomba Zezezimali
- Ibhalansi Yokwakhekha Kwesabelozimali (i-SSB)
- Amasandri
- Inqubomgomo Yabasebenzi
- IBhlokhi Yezimali: Izindleko
- IBhlokhi Yezimali: UMkhakha Womphakathi Wezidingo Zokuboleka (i-PSBR)

9.10.5 Uphiko Lokwengayelwa Kwezinhlaka Zikahulumeni

- Ezezimali Ezijwayelekile Zabasebenzi
- Imidanti Yokwengamela Jikelele

9.10.6 Iyunithi Yemiholo Yomkhakha Kahulumeni

- Izimpesheni Zomphakathi Nezombutho Wezempi
- Amaholo Nokubikezelwa Omkhakha Kahulumeni

## 9.11 Izimali Zomphakathi

9.11.1 Izinsizakalo Zokuphatha

- IHhovisi Likamongameli
- Ukuphathwa Kwezindleko
- Isabelozimali
- Izilinganiso Ezilungisiwe Zezindleko Zikazwelonke (i-AENE)

9.11.2 Izinsizakalo Zezomnotho

- Izinsizakalo zezomnotho nezingqalasizinda
- Ukuhlaziywa nokwesekwa
- Izinhlaka zikahulumeni: imidanti yezezimali nokuhlobene nayo
- Ezezimali kanye nemidanti ehlobene nazo kwale Minyango elandelayo
  - Ezolimo Nezokudoba
  - Ezemvelo
  - Ukuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya
  - Izimbiwa
  - Isayensi Nobuchwepheshe
  - Ezohwebo Nezimboni
  - Amabhizinisi Kahulumeni
  - Ezokuvakasha
  - Umnyango Wokuthuthukisa Komnotho
  - Ukuthuthukiswa Kwamabhizinisi Amancane

9.11.3 Izinkonzo Zezempilo Nezokuthuthukiswa Komphakathi

- Ezezimali kanye nemidanti ezihlobene nale Minyango elandelayo:
  - UMnyango Wezempilo
  - I-HIV/AIDS
  - Ukuthuthukiswa Komphakathi
  - Imisebenzi Ephakathi Kohulumeni
  - Izinhlelo Nokuphathwa Kwezibonelelo

9.11.4 Iminyango Yezemfundo Nehlobene Nazo Nezabasebenzi

- Ubuciko Namasiko
- Imfundo Eyisisekelo
- Imfundo ephakeme
- Ezabasebenzi
- Ezemidlalo Nokuzijabulisa

9.11.5 Izinsizakalo Zokuvikela

- Iqoqo Lezobulungiswa elibandakanyile
- Izinsizakalo Zokuhlunyeleliswa Kwezimilo
- Ubulungiswa Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo
- Ukuphepha Kwezwe
- Ubunhloli Bobugebengu kwa-SAPS
- Uphiko Oluzimele Lwezikhalazo
- Ezokuphepha Nokuvikeleka

9.11.6 Ukuthuthukiswa Kwamadolobha Nezingqalasizinda

- Umnyango Wezokuxhumana Nezinkonzo Zeposi
- UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu
- Umnyango Wezamandla
- UMnyango Wezokuthutha
- UMnyango Wezamanzi Nokuthuthwa Kwendle
- UMnyango Wezokungamela Ngokubambisana Nezendabuko

## 9.12 **Ubudlelwano Obuphakathi Kohulumeni (i-IGR)**

9.12.1 Ukuhlaziya Isabelozimali Sohulumeni Basekhaya

- Inqubomgomo Yezezimali
- Ukuqaphwa Kwesabelomali
- Ukuphathwa Kwezimali Zezibonelelo
- Ukuhlelwa Kabusha Kwezibonelelo
- Izimiso Zomasipala
- Amasekhula e-MFMA
- Imihlahlandlela Yomasipala
- Imininingwane Yezabelozimali Zomasipala
- Izabelo Zomasipala
- Amagazethi Alungisiwe Amaphakathi Nonyaka
- Amashejuli Ezinkokhelo Zezibonelelo Zezikhashana
- Imininingwane Yasahluko sama-71 se-MFMA (Ukuphathwa Kwamaphakathi Nonyaka, Ukuqapha kanye Nokubika)
- Izabelozimali Zohulumeni Basekhaya kanye Nokubuyekezwa Kwezindleko
- Isimo Sezimali Sohulumeni Basekhaya

9.12.2 Inqubomgomo Nokuhlela Okuphakathi Kohulumeni

- Uhlaka Lwezimali Zombuso
- Ikhomishini Yezezimali Zombuso
- UPhiko Lwezibalo LwaseNingizimu Afrika
- Ukubuyekezwa Kwezimali Zombuso Phakathi Kohulumeni
- Imihlangano Ephakathi Kohulumeni

9.12.3 Izingqalasizinda Zohulumeni Bezifundazwe Nabasekhaya

- Uhlelo Lokuqapha Izingqalasizinda
- Ukuqapha Nokubika
- Uhlelo lokuthuthukisa ukwethulwa kwengqalasizinda (i-IDIP)
- Izingqalasizinda zohulumeni basekhaya

9.12.4 Ukuhlaziywa Kwezabelozimali Zezifundazwe

- Imibhalo Yezabelozimali
- Ukuxhumana nezifundazwe
- Ukuxhumana neminyango kazwelonke
- Uphiko lwezimali ezingenayo
- Izibonelelo zesikhashana

9.12.5 Uhlelo Lokuthuthukiswa Kwezindawo Zokuhlala

- Isibonelelo Sezimali
- Izabelozimali
- Izibonelelo Zesikhasha Nokudluliswa Kosizo Lobuchwepheshe
- Amashejuli Okukhokha – Iwebhu Yezokuphepha, u-CFO, i-IGR
- Uhlelo
- Amaphrojekhthi - Omasipala abayi-18 (Amaklayenti Abalulekile), Ukuhlela, Izingqalasizinda, Ukuqaliswa Nokuphathwa Kwendawo

**9.13 Inqubomgomo Yezomnotho**

- Imibiko Yezikhathi
- Amathempulethi
- Ucwaningo
- Ukuhlonyiswa
- Ukunikeza Izibonelo Nokubikezela

## 9.14 Ukuphathwa Kwezimali Nempahla

9.14.1 Ukushelwa Kwemikhakha

- Izicelo zesahluko sama-54 se-PFMA zeSheduli yesi-2 kanye neye-3b zezinhlaka
- Izicelo ze-PFMA zeSahluko sama-(isiqinisekiso) zeshedulu yesi-2 kanye neya-3b
- Imibono yentela yonyaka yeBhodi Yamanzi ngokweSahluko sama-42 se-MFMA

9.14.2 Ukuphathwa Kwezikweletu

- Ukukhishwa nokuphathwa kwezikweletu
- Uxhaso lwezimali olunemvume
- Imisebenzi yezikweletu (ihhovisi elingemuva)
- Izabelo Zikahulumeni wase-RSA
- Ingozi yezwe

9.14.3 Ukusebenza Kwezezimali

- Ukubandakanywa Kwezinhlelo
- Ukuphathwa Kwemali Engukheshi
- Ukugcinwa Nemininingwane Yamabhuku Ezimali kanye nolwazi

9.14.4 Amasu Nokulawulwa Kwengozi

- Ingozi Yemakethe
- Ingozi Yezwe
- Ingozi Yesikweletu

9.14.5 Ukuhlaziywa Kokwengamela Nokwezezimali

Ukuqokwa Kwamabhodi ezinhlakeni ezilandelayo: i-DBSA, i-SASRIA, i-Landbank kanye naku-Public Investment Corporation (kwi-PIC)

Ukuphathwa Kwenhlangano

- Ukuhlaziywa Kokutshalwa Kwezimali
- Izikhungo Zezezimali Zokuthuthukiswa
- Imisebenzi Yehhovisi Lomgcinimafa

# 10. IZINSIZAKALO EZITHOLAKALA KUMALUNGU OMPHAKATHI EZIVELA KWIHHOVISI LOMGCINIMAFA LIKAZWELONKE KANYE NOKUTHI UNGAFINYELELEKA KANJANI KULEZO ZINSIZAKALO

## 10.1 Izabelo Zikahulumeni wase-RSA

Izabelo Zikahulumeni wase-RSA ziwutshalomali lukaHulumeni waseNingizimu Afrika oluzuza inzalo eguquguqukayo, engaguquki noma ehlobene nokwehla kwamandla emali ngesikhathi sokutshalwa kwezimali. Izabelo Zikahulumeni wase-RSA Zakhelwe ukuthi zifinyeleleke ngangokunokwenzeka ukuze umphakathi utshale imali yawo, ngenkathi uthola izinzuzo ezivikelekile nezihlobene nezimakethe ekutshaleni izimali kwawo. Kunezinhlobo ezintathu ezahlukene Izabelo Zikahulumeni wase-RSA ezitholakalayo:

- Izabelo Zikahulumeni wase-RSA Zezinga Elungaguquguquki
- Izabelo Zikahulumeni wase-RSA Ezixhunyaniswe Namandla Emali
- Izabelo Zikahulumeni wase-RSA Zokonga Ngokuthega

Bonke abantu abayizakhamizi noma abahlala ngokuphelele eRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika futhi abanenombolo kamazisi yaseNingizimu Afrika osebenzayo, futhi abanama-akhawunti asebhange kunoma yiziphi izikhungo zezezimali eRiphabhulikhi, bafanelekile ukuthenga iZabelo Zikahulemeni wase-RSA. Abantu abaneminyaka engaphansi kweyi-18 bafanele bathole imvume yabazali ebhalwe phansi ngaphambi kokutshala izimali kuzabelo Zikahulumeni wase-RSA, ngaphandle uma labo bantu beshadile noma benikezwe isikhundla sobuningi ngokuhambisana nemibandela yoMthetho Weminyaka Yeningi Yobudala wonyaka we-1972 (uMthetho wama-57 wonyaka we-1972).

## 10.2 Ukuthenga Izabelo Zikahulumeni

Kunezinyathelo ezintathu ezilula ongazilandela ukuze utshale imali kuzabelo zikahulumeni:

| 1. BHALISA (NIKEZA IMININININGWANE YAKHO YOBUQU) |
|---|
| KUPHI? |
| • Kunoma yiliphi igatsha lePosi laseNingizimu Afrika<br>• Kuwebhusayithi yeZabelo Zikahulumeni wase-RSA - www.rsaretailbonds.gov.za Uma uneminyaka engaphansi kweyi-18 futhi ungashadile noma unganikezwanga isikhundla sobuningi ngokoMthetho Weminyaka Yeningi, awukwazi ukufaka isicelo ngekhompyutha. Ukugunyaza kwabazali bakho noma ababheki bakho kudingeka ngokubhalwe phansi.<br>• Ngqo eHhovisi LonMgcinimafa Kazwelonke - 240 Madiba street, Cnr Thabo Sehume kanye no-Madiba streets, Pretoria, 0002.<br>• Ngocingo – (012) 315 5888 Uma usubhalisiwe, uzothola inombolo yereferensi ekhethekile ezosetshenziswa njengereferensi lapho izinkokhelo zenziwa/zidluliselwa kwi-akhawunti yasebhange ye-RSA Retail Savings Bond. |

| 2. KHETHA ISABELO NESIKHATHI SOKUVUTHWA KWASO |
|---|
| • Kunoma yiliphi igatsha lePosi laseNingizimu Afrika<br>• Kuwebhsayithi ye-RSA Retail Savings Bond - www.rsaretailbonds.gov.za<br>• Ngqo eHhovisi LonMgcinimafa Kazwelonke - 240 Madiba street, Cnr Thabo Sehume kanye no-Madiba streets, Pretoria, 0002<br>• Ngocingo – (012) 315 5888 Uma usubhalisiwe, uzothola inombolo yereferensi ekhethekile ezosetshenziswa njengereferensi lapho izinkokhelo zenziwa/zidluliselwa kwi-akhawunti yasebhange ye-RSA Retail Savings Bond. |
| **3. UKHOKHA** |
| **KANJANI?** |
| • Kunoma yiliphi igatsha lePosi laseNingizimu Afrika<br>• Nge-Inthanethi Banking<br>• Ngokufaka ngqo imali ebhange |

### 10.3 kwi-*e-Tenders Portal*

IHhovisi Lesikhulu Esiphethe Sokuthenga (i-OCPO) ligunyazwe ukuba liqinisekise ukuthi izinhlangano zomkhakha kahulumeni eNingizimu Afrika zihlonipha imibandela yesahluko sama-217 soMthethosisekelo lapho zisebenzisa imali yabakhokhintela ekuthengeni impahla, izinsizakalo kanye nemisebenzi. I-*e-Tender Publications Portal* ingesinye sezinhlelo ezisungulwe yi-OCPO ukuze kusekelwe ukuthengwa kwempahla ngendlela enobulungiswa, elinganayo, esobala, encintisanayo, futhi eyongayo endaweni okufinyeleleka kalula kuyo, indawo eyodwa yokungena, indawo eqhutshwa ubuchwepheshe. Lolu sizo luwumzamo wokuthuthukisa amathuba ebhizinisi eNingizimu Afrika ukuze kuhlonzwe futhi kuqhudelwaea ngamathuba amathenda kahulumeni abekwe ukuze abhidelwe.

Kuyaphawuleka ukuthi lephothali ibonisa nsuku zonke wonke amathenda omkhakha kahulumeni eNingizimu Afrika. Iphothali iphethwe yi-OCPO obeka inqubomgomo ngokuqukethwe, ukusetshenziswa futhi axhumanise ukuphatha nabasebenzisi ezingeni likazwelonke, lesifundazwe, kanye nelohulumeni basekhaya. Ukusekelwa kwezobuchwepheshe, ukugcinwa kanye nokusingathwa kwephothali kuhlinzekwa yi-SITA.

Le phothali ihlinzeka ngokusebenziseka okulandelayo:

- Ukushicilelwa kwazo zonke izaziso zamathenda, ziphelezelwa imibhalo esemthethweni yamathenda kanye neZimo Okuvuyelwana Ngazo ezifanele noma enye incazelo yokusebenziseka okungenzeka isebenze.
- Ukushicilelwa kweiphutha okufanele lilungiswe ngamabhizinisi athengayo.
- Ukushicilelwa kwezaziso Zemiklomelo kanye nolwazi oluncane olumiswe ngu-OCPO.
- Ulwazi oluphelele ngemithetho nemihlahlandlela yokuthenga.
- Ikhono lokucinga ukuze kuhlonzwe amathuba ngokwe:
  - Isigaba sempahla: Isib. Izimoto noma amathuluzi okwelapha noma amathuluzi e-ITC
  - Uhlobo Lwethenda: Isib. Isicelo Sebhidi (i-RFB), Isicelo Sekhotheshini (i-RFQ), Isicelo Solwazi (i-RFI);

- Isimo Sethenda: Isib. Esishicilelwe, Eklonyelisiwe, futhi Yakhanselwa;
- Isifunda: Isib. Isifundazwe, uMnyango, uMasipala, iSifunda; Umkhakha: Isib. Ezempilo, Ezemfundo noma Ezokuthutha.

Azikhokhi iziphathimandla ezinekeza izikontileka noma abahlinzeki ngalolu sizo. I-E-Tender Publishing Portal iphinde futhi nayo itholakale mahhala ukuze isetshenziswe kuzinhlangano zokuqapha, kwabezindaba, kanye nomphakathi.

# 11. UKUCUTSHUNGULWA KOLWAZI LOBUQU

IHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke libeke izinqubomgomo zokuvikela ulwazi lobuqu futhi lenze uhlelo Lokulawula Ukuthotshelwa kwemithetho Yokuvikelwa Kolwazi Lobuqu leHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke (izinqubomgomo; imihlahlandlela; amamanyuwali, amafomu, ama-DIO) ukuze liqinisekise ukuthotshelwa komthetho. Kancane kancane lisebenzela ukuthuthukisa nokunakekela uhlelo ngenkathi ngesikhathi esifanayo lidlulisela kabanzi izinqubomgomo zethu zokuvikela ulwazi lobuqu kubo bonke abasebenzi nababambiqhaza abafanelekile.

## 11.1 Ukuqoqa Kolwazi Lobuqu

11.1.1 IHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke liqoqa ulwazi lobuqu ngezindlela ezisemthethweni nezingenzeleli kuphela. Lapho siqoqa ulwazi lobuqu lwakho ngokuqondile, sizocacisa ukuthi sihlose ukulusebenzisa kanjani, sinikeze imininingwane yokuxhumana yoSekela-Mgcinilwazi (ama-DIO), futhi sicele imvume yakho.

11.1.2 Uma siqoqa ulwazi lobuqu ngezinye izindlela, sizomemezela kumawebhusayithi yethu ukuthi sihlose ukulusebenzisa kanjani kanye nemininingwane yokuxhumana. Awuphoqelekile ukuthi unikeze iHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke ulwazi lwakho lobuqu. Sicela wazi, nokho-ke, ukuthi kukhona ezinye izinsizakalo esingakwazi ukuzinikeza ngaphandle kolwazi lwakho lomuntu siqu.

11.1.3 Uma uhlinzeka ngolwazi lobuqu kwiHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke, uyavumelana nezimo nemibandela echazwe kulesi sigaba. Uma ungavumelani nezimo nemibandela elapha, sicela wazi ukuthi ezinye zezinsizakalo esizinikezayo (kubandakany nezimpendulo zemibuzo yakho) ungase ungazitholi.

## 11.2 Ulwazi Lobuqu Esiluqoqayo

11.2.1 IHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke lisebenzisa ulwazi lobuqu esiluthola kuwe ukuze lenze izinkontileka kanye namathransekhshini enziwe phakathi kwakho neHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke. IHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke ngeke liqoqe, lisebenzise, noma linikeze nanoma iyiphi ingxenye yesithathu ulwazi lobuqu olufana nalolu olulandelayo ngaphandle kwemvume yakho.
Ulwazi mayelana:

- Amafilosofi, izinkolelo, noma inkolo yobuqu
- Ubuhlanga, ubuzwe, ukukhubazeka ngokomzimba/ngokwengqondo, amarekhodi obugebengu, noma olunye ulwazi olungahle luholele ekubandlululweni emphakathini.
- Ilungelo labasebenzi lokuhlela, lokuxoxisana ngokuhlanganyela, noma okunye okwenziwayo ngokuhlanganyela.
- Ukubamba iqhaza emibhikishweni, ezicelweni, noma ekusetshenzisweni kwamanye amalungelo ezombusazwe.
- Ukwelashwa noma izenzo zocansi.

### 11.3 Indlela Esisebenzisa Ngayo Ulwazi Lwakho Lobuqu

11.3.1 IHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke lisebenzisa ulwazi lobuqu esiluthola kuwe ukuze lenze izinkontileka kanye namathransekhshini enziwe phakathi kwakho neHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke.

11.3.2 IHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke lisebenzisa ulwazi lwakho lobuqu ukuze lihlole labo abangahle babe ngabasebenzi njengengxenye yenqubo yokuqasha, ukuze linikeze ulwazi olufanele olungahle lukusize, njengolwazi lwemikhiqizo yethu, kanye nezinsizakalo.

11.3.3 IHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke ngezinye izikhathi lingaphathisa abahlinzeki bezinsizakalo ukuba bacubungule ulwazi noma benze eminye imisebenzi egameni lalo. Ulwazi lobuqu olunikezwe abahlinzeki bosizo ukwenzela le nhloso luzosetshenziselwa kuphela imisebenzi umhlinzeki wosizoaphathiswe yona. Ezimweni ezinjengalezi, iHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke kanye nomhlinzeki wosizo bazobophezeleka esivumelwaneni sobumfihlo sokungadaluli imininingwane yomsebenzi futhi bangalusebenziswli ezinye izinjongo ngaphandle kwalokhu okuhloselwe ukuqoqwa.

11.3.4 IHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke ngeke lisebenzise ulwazi lobuqu eliluthola kuwe ngezinhloso ezingezona ezishiwo ngesikhathi sokuqoqwa. Nokho-ke, singahle sisebenzise ulwazi—ngaphandle kokuhlonza abantu—siqoqe imininingo yezibalo noma izinhloso zocwaningo.

### 11.4 Ulwazi Lobuqu Kwingxenye Yesithathu

11.4.1 Njengomthetho, iHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke alidaluli noma lihlinzeke ngolwazi lobuqu eliluthola kuwe kunoma iyiphi ingxenye yesithathu, ngaphandle kwalezi zimo ezilandelayo:

- Lapho sinemvume yakho.
- Uma sisebenzisa ingxenye yesithathu ukusingatha lonke noma ingxenye yolwazi lobuqu esiluqoqile, ukwenza izinsizakalo ezidingekayo ukuze sifeze izinhloso zethu.
- Lapho sifunwa ngumthetho ukuba senze njalo.
- Lapho kudingekile ukwenza kanjalo ukuvikela impilo, umzimba, noma impahla yabantu, kanye nokuthola imvume yakho kunzima.
- Uma kudingekile ukwenza kanjalo ukuze kuthuthukiswe impilo yomphakathi noma kukhuthazwe inhlalakahle noma impilo yezingane, ukuthola imvume yakho kunzima.
- Lapho kudingekile ukusebenzisana nama-ejensi kazwelonke, ohulumeni basekhaya, noma izinhlangano zabo ezithunyelwe ekwenzeni umsebenzi omiswe ngokomthetho, kodwa lapho ukuthola imvume yakho kungahle kuvimbele ukwenziwa komsebenzi oshiwo.

### 11.5 Siluvikela Kanjani Ulwazi Lwakho Lobuqu

11.5.1 IHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke lisebenzisa izivikelo zokuphatha ubuchwepheshe, ubuqu, nokubonakalayo ukuze livikele ulwazi lwakho lobuqu.

11.5.2 IHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke lisebenzisa izinyathelo zokuphepha ezidingekayo futhi lithatha izinyathelo ezidingekayo zokulungisa ukuze livikele ulwazi lwakho lobuqu ekufinyelelekeni okungagunyaziwe, ekulahlekeni, ekucekeleni phansi, ekushintshweni noma ekuvuzeni okungagunyaziwe. Nokho, sicela ukukukhumbuza ukuthi abukho ubuchwepheshe

obuqiniseksisa ukungaphumeleli obungavimbela ukufinyeleleka okungekho emthethweni kolwazi lobuqu.

11.5.3 Abasebenzi beHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke bathola ukuqeqeshwa njalo mayelana nokuvikela ulwazi lobuqu.

11.5.4 Ezimeni lapho abahlinzeki bezinsizakalo abaqashwe iHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke ukuze bahlinzeke izinsizakalo egameni lethu bethunywa ukuba basingathe ulwazi lobuqu, sikhetha osonkontileka abafanelekile futhi sifuna ukuthi basayine zonke izivumelwano ezidingekayo eziphathelene nokuphathwa kolwazi lobuqu. Siphinde sisebenzise zonke izinyathelo zokuphepha ezidingwa ngumthetho.

**11.6 Ukuqoqwa kolwazi lobuqu kusetshenziswa iwebhusayithi yethu:**

Ukubethela

Lapho siqoqa ulwazi lobuqu ngewebhusayithi yethu, sisebenzisa ukubethela kwe-Secure Sockets Layer (kwe-SSL) ukuze siqinisekise ukudluliswa okuphephile kolwazi lwakho lomuntu siqu.

# 12. UKUTHOLAKALA KWEMANUWALI

12.1 Le Manuwali yenziwe itholakale ngolimi lwesiNgisi; kodwa-ke, abafakizicelo bazosizwa ngolimi abazikhethela lona ngokweNqubomgomo Yolimi yeHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke egunyaziwe.

12.2 Ikhophi yale Manuwali noma inguqulelo yayo ebuyekeziwe, iyatholakala futhi ku-www.treasury.gov.za:

12.2.1 Ehhovisi elikhulu leHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke ukuze ihlolwe umphakathi ngezikhathi zokusebenza ezijwayelekile;

12.2.2 Kunoma yimuphi umuntu ngesicelo nangemuva kokukhokhwa kwemali emisiwe efanele; futhi

12.2.3 NakuMlawuli Wolwazi uma icelwa.

12.3 Imali yekhophi yeManuwali, njengoba ihlongozwe kusiXhumelo B seZimiso , izokhokhwa ngekhophi ngayinye eyenziwe yobukhulu obungu-A4.

# 13. UKUBANDAKANYWA KOMPHAKATHI EKWAKHIWENI KWENQUBOMGOMO KANYE NOKUSETSHENZISWA KWAMANDLA NOMA UKWENZIWA KWEMISEBENZI YIHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE

IHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke lizoshicilela ngezikhathi ezithile izinqubomgomo ezisalungiswa kuwebhusayithi yalo futhi licele imibono kumalungu omphakathi. Kuzophinde kubanjwe imibukiso lapho umphakathi uzokwaziswa ngezinqubomgomo futhi kudingeke ukuthi ubambe iqhaza ekwakhiweni kwenqubomgomo.

# 14. UKUBUYEKEZWA KWEMANUWALI

IHhovisi Lomgcinimafa Kazwelonke, uma kunesidingo, lizobuyekeza futhi lishicilele le Manuwali minyaka yonke.

Ikhishwe ngu:-

**DKT. DUNCAN PETERSE**
**UMGCINILWAZI OMKHULU: IHHOVISI LOMGCINIMAFA KAZWELONKE**

